

UNGADALULWA NGENDLELA EYIYO KUKASHUKELA, IZINDWANGU KANYE NAMATHAYI

Tshwane, 26 kuNhlaba 2022 – UPhiko Lohwebo Olungemthetho (i-ITU) IoPhiko Lwemisebenzi Yemalingeniso Eqoqwayo (SARS) e-Durban lubambe ongenisa impahla ezweni eyiziqukathi ezingama-20 zikashukela okwakudalulwe ukuthi kuqukethe ilayisi, elingatheliswa.

Kodwa-ke, emva kokuqinisekiswa nokuhlolwa kweziqukathi ezhlonziwe kwatholakala ukuthi umthwalo lo wawudalulwe ngendlela engeyiyo ngenhoso yokubalekela ukukhokha intelo kashukela eHhovisi Elilawula Impahla Emngceleni.

Esigamekweni sesibili, i-ITU e-Durban ibophe iziqukathi ezinhlanu ezazingeniswe yinkampani engaziwa yamathayi. Kusolakala ukuthi umngenisi wempahla wayedalule ngendlela engeyiyo izimpahla ngenhoso yokugwema ukukhokha intelo efanele eHhovisi Elilawula Impahla Emngceleni nokuthobela izidingo zemvume ngokoMkhandlu Ophethe Uhwebo Emazweni Omhlaba i-International Trade Administration Council (ITAC).

Ngokwenqubo yokudalula eHhovisi Elilawula Impahla Emngceleni, iziqukathi kwakuthiwe amarimu namathayi, okungatheliswa. Kwabe sekuyahlolwa esikhumulweni esinemvume kwatholakala ukuthi iziqukathi zaziqukethe amathayi atheliswa intelo engu-30%, okuyinteliso yemvelo futhi okudinga imvume ngokwe-ITAC.

Esigamekweni sesithathu, ithimba le-ITU eGauteng lithole ulwazi ngeziqukathi ezingama-21 ezingeniswe ezweni abangenisa impahla ezweni abehlukene nokwakusolakala ukuthi zidalulwe ngendlela engeyona kwathiwa amapayipi ensimbi, impahla yasendlini, amathoyizi, kanye nezinto ezenziwe ngoplastiki.

Iziqukathi ezingama-21 zabanjwa zaphinde zahlolwa kwase kutholakala ukuthi kuziqukathi ezingama-21 zi-3 kuphela ezazidalulwe ngendlela eyiyo, eziyi-18 zazo zazidalulwe ngendlela engeyona. Esikhundleni samapayipi ensimbi, impahla yasendlini, amathoyizi kanye nezinto zikoplastiki njengoba kwakudaluliwe isisebenzeli esiqinisekisayo, iziqukathi eziyi-18 kwatholala ukuthi ziqukethe izindwangu, uhlobo lwendwangu olukhiqiza izingubo zokulala, imishini yokwenza izingubo zokulala kanjalo nezimpahla okungenzeke ukuthi izimpahla mbumbulu. USARS uzoqhubeuka nokungenzeka kube amacula obugebengu ngalokhu okungenhla okudalulwe kwaba yiphutha futhi kuwukudalula okulahlekisayo.

UKhomishana wakwaSARS u-Edward Kieswetter uzwakalise ukubonga kwakhe kumalungu oPhiko Lohwebo Olungemthetho ngokusebenza kwabo bengakhathali. Ukhiphe isexwayiso esiqinile kubahwebi abazibandakanya ekungathobelini, okucishe kube ubugebengu. Uthe, “USARS wenza ngcono amandla nomthamo wokwazi ukuhlonza umkhuba wokungathobeli, kanti uzoqhubeuka ukwenze kube nzima futhi kumbe eqolo kulabo abaqoma ukwenza ubugebengu. Labo abazibandakanya ebugebengwini ngokuzikhethela kuyomele bamukele imiphumela yalokhu abakhetha ukukwenza”.

Ngolwazi olwengeziwe, sicela uxhumane ne Sarsmedia@sars.gov.za